

Annexure two

QUESTIONNAIRE TRANSLATED INTO ZULU

INHLOLO-MIBUZO

A- UMNDENI

- A.3. Iyini imisebenzi yomndeni na?
- A.2 Ungawuchaza kanjani umndeni na?
- A.3 Unamfundisoni (influence) umndeni ezimpilweni zamalunga awo na?
- A.4. Ucabanga ukuthi kubalulekile yini ukuba abantu babe ngamalunga omndeni na? Uma uthi 'yebo' noma 'qha', usho ngazizathu zini na?
- A.5. Umuntu uba yilungu lomndeni kanjani na?
- A.6. Kunesisho sesiZulu esithi 'Umuntu ungumuntu ngabantu', kusho ukuthini lokho ngendawo yomuntu (position) emndenini nasemphakathini na?

B- IMISEBENZI

UBABA

- B.1. Unandawo yini (role) uBaba emndenini na?
- B.2. Iyini imisebenzi (duties) kaBaba emndenini kanye nasebantwaneni bakhe na?
- B.3. Ngabe ucabanga ukuthi indawo kaBaba emndenini inokufaniswa nokukhanya na?
- B.4. Kunamthelela (implications) mini ukumbuka ubaba njengokukhanya na?

C- ABANTWANA/IZINGANE

- C.1. Iyini indawo yabantwana emndenini na?
- C.2. Kuyini, uma kukhona, okubhekeke ezinganeni zomndeni na?
- C.3. Ucabanga ukuthi kulindeleke ini ezinganeni nasemalungeni omndeni maqondana nezimiso namasiko-mpilo omndeni na?
- C.4. Ikhona yini inkululeko emndenini yokuba kube khona ilunga elingahambisani nezimiso namasiko-mpilo omndeni na? Uma uthi 'yebo' noma 'qha' shono izizathu zempendulo yakho.

D- UKUBHEKANA NEZAPHULA-MTHETHO

- D.1. Imindeni ibhekana kanjani nabantu abangalaleli futhi abangakwazi ukuhamba phakathi kwemingcele emisiweyo na?
- D.2. 'Isenzo esenyanyisayo' ungasichaza ngaliphi igama na?
- D.3. Kudingekani kulelo lunga elifuna ukubuyiselwa ebudlelwaneni bomndeni na?
- D.4. Kudingeke ngani ukuba owonileyo asivume isono noma isenzo sakhe na?
- D.5. Ibaluleke ngani imvumo na?
- D.6. Uma icala lofuna ukubuyiselwa ebudlelwaneni lilibi kakhulu, kudingeka enze njani lo owonileyo na?
- D.7. Linakubaluleka kuni igazi lesilwane esihlatshiwe ekubuyisweni nasekuphiliseni ubudlelwano obulimele na?
- D.8. Ngokwesintu, ungaluchaza kanjani usindiso na?

E- AMADLOZI/ABAPHANSI/ABAXHUMANISI

- E.1. Ngobani abangamadlozi na?
- E.2. Iyini indawo yamadlozi empilweni yabantu na?
- E.3. Kukhona abathi amadlozi 'onkulunkulu babo', ucabangani ngalombono na?

- E.4. Ayini amadlozi kuwe na?
- E.5. Ngabe kunezikhathi zimbe yini lapho amadlozi ethintene nabaphilayo noma ahlala esebenza futhi ethintene njalo nabaphilayo na?
- E.6. Kungani abanye abantu bathi amadlozi angabaxhumanisi na, abaxhumanisa nobani na?
- E.7. Banaqhaza lini abaphansi odabeni likubuyisana nokubuyiselwa emndenini kwalabo okade bonile na?
- E.8. Babhekeke ukuba baziphathe kanjani labo abangahle babe ngamadlozi ekufeni kwabo na?
- E.9. Liyini iqhaza lalaba abalandelayo na?
Izangoma
Izinyanga

F- UNKULUNKULU/UMVELINQANGI

- F.1. Ungubani uNkulunkulu kuwe na?
- F.2. Uma ukholelwa ebukhoneni bukaNkulunkulu, mpawu zini ongazifanisa nezendawo luphawu olumelwe nguBaba emndenini na?
- F.3. Kubaluleke ngani ukubuka uNkulunkulu njengoBaba kithi sonke na?
- F.4. Ucabanga ukuthi kungani abantu bemfanisa uNkulunkulu nothando na?
- F.5. Kunamithelela mini (implications) ukumbuka uNkulunkulu njengothando na?
- F.6. Kungani futhi ukuba abantu bamfanise uNkulunkulu nokukhanya na?
- F.7. Kunamithelela mini (implications) ukumbuka uNkulunkulu njengokukhanya na?
- F.8. Ungubani uJesu kuwe na?
- F.9. Ungamfanisa naziphi izimpawu (symbols) ozejwayele uJesu n
- F.10. Ungubani uMoya oNgcwele kuwe na?
- F.11. Ungamfanisa naziphi izimpawu (symbols) ozejwayele uMoya oNgcwele na?